Lesson 8

**Nhlolanja 17-23*

Umthelela Wokubuyisa Okweshumi

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
Marko 16:15; 1 Pet. 3:8, 9; 1 Kor. 9:14; Rom. 3:19-24.

Indimana Yekhanda:
"Anazi yini ukuthi abaphethe imisebenzi yethempeli badla okwethempeli nokuthi abakhonza e-altare bahlanganyela ne-altare na? Ngokunjalo iNkosi imisile ukuba abamemezela ivangeli baphile ngevangeli" (1 Korinte 9:13, 14).

Njengoba sibonile ngeviki eledlule, ukubuyisa okweshumi indlela ebalulekile yokutshengisa ukukholwa. "Zihloleni nina, nibone ukuba nisekukholweni yini, nizivivinye nina. Kanti anizazeli yini ukuthi uJesu Kristu ukinina? Uma kungenjalo, ningabokwaliwa" (2 Kor. 13:5). Indimana yokuqala yeBhayibheli ekhomba ukubuyiswa kokweshumi kulapho uAbrahama enika uMelkhizedeki okweshumi (Gen. 14:18-20), Heb. 7:4). AbaLevi nabo babamukela okweshumi ngomsebenzi wabo ethempelini (2 IziKron. 31:4-10). Namhlanje okweshumi kusebenza umsebenzi wevangeli. Uma siqonda kahle, kusebenza njengesilinganiso sasenkolweni esilinganisa ubudlelwane bethu noNkulunkulu.

Umthelela, ukusetsheziswa, ukubaluleka, nendlela yokwaba ekubuyiseni okweshumi, kwenzelwe ukukhula kwethu enkolweni ukweseka umsebenzi kaNkulunkulu nokuhlinzeka ngesisekelo sezimali ekushunyayelweni kwevangeli. Yicebo likaNkulunkulu leli, kanti libizwa njengesinyathelo sokuqala esithathwa yinceku ethembekile. Kuleliviki sizoqhubeka ngokubuka okweshumi: ukwabiwa kwakho, ukuthi kushoni kwabanye, nomthelela wakho ekukholweni kwethu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Nhlolanja 24.*

Sikanyekanye, Seseka Umsebenzi

UJesu usiyala ukuba " 'sishumayele ivangeli' " (Marko 16:15) " 'nokwenza abafundi,' " " 'sibafundise ukugcina konke' " (Math. 28:19, 20). Kanjalo, uNkulunkulu ufuna sibandakanyeke emsebenzini okunguwona obaluleke kunayo yonke emhlabeni: ukuletha abantu kuJesu. Ukweseka lomsebenzi ngezimali esiphathiswe zona nguNkulunkulu umsebenzi wenceku. Ukubamba iqhaza kwenza ukuzinikela komuntu ukutshela abanye ngoKrestu kujule. Wonke umfundi, inceku, nomsebenzi, abalethe konke okweshumi ngenxa yalomsebenzi ongcwele. Asithandazele ubunye ukuze sethembeke ekwesekeleni umsebenzi, njengoba umsebenzi onempumelelo uqinisa ubunye bethu bokukholwa.

Yiluphi uhlelo lwezimali oluvunywe uNkulunkulu lokufeza lomsebenzi na? Kusho ukuthini ukuthi " 'konke okweshumi' "? Malaki 3:10). Asho ukuthini amazwi athi " 'ukuze kube nokudla endlini yami' "? (Mal. 3:10).

Njengoba sesibonile, abantu babekhipha okweshumi kusukela ngezinsuku zika Abrahama noJakobe (Gen. 14:20, 28:22) mhlawumbe nangaphambili kwalokho. Okweshumi kuyingxenye yohlelo lokweseka ibandla likaNkulunkulu. Iwona umthombo omkhulukazi wezimali, nendlela elinganisa bonke ekuqhubeleni phambili umsebenzi. Namhlanje, iningi lamaKrestu anikela okuncane ekwesekeni umsebenzi kaNkulunkulu, uma kuqhathaniswa. Ukuba yilowo nalowo mKrestu ubengakhipha okweshumi okwethembekile, umphumela "bewungadlula ukucabanga, umangalise, ngendlela engaqondakali."—Christian Smith and Michael O. Emerson, *Passing the Plate* (New York: Oxford University Press, 2008), ikhasi 27. Kuzo zonke izizukulwane uNkulunkulu ubelokhu enabantu abazimisele ukweseka umsebenzi waKhe. Sonke sinokuziphendulela ngokuqonda nokusebenzisana ndawonye ukweseka ngezimali lomsebenzi womhlaba wonke. Asikwazi ukuba abangahlelekile, sibe budedengu, noma sixhamazele maqondana nokweseka umsebenzi. Inselelo yethu inkulu kakhulu kunangalesiya sikhathi abantu nabaLevi babethi kuNehemiya: " 'Besingenakuyishiya indlu kaNkulunkulu wethu' " (Nehemiya 10:39), futhi iyethusa kunalokho okwakubhekene nabazalwane ngeminyaka yawo 1800. Namhlanje amalungu nabefundisi kudingeka babumbane ngokukamoya, basebenzisane ndawonye ngezimali ngendlela ehlangabezana nemigomo neyeseka umsebenzi.

Cabanga ngobubanzi bomsebenzi wama Adventist emhlabeni (bheka iSamb. 14:6, 7). Ngabanye ngabanye, singakuqonda kanjani ukuziphendulela kwethu ekwesekeni lomsebenzi?

_____

Izibusiso zikaNkulunkulu

Njengoba sibonile kuMalaki 3:10, uNkulunkulu wethembise isibusiso esikhulu kulabo abathembekile kokweshumi. Kodwa isibusiso sikaNkulunkulu asigxilile emkhakheni owodwa. Ukugcizelela lokhu: ukwandelwa kwempahla yasezweni njengesibusiso, kodwa kube kusilela konke okunye, umbono omncane wokuthi siyini ngempela isibusiso sikaNkulunkulu. Isibusiso kuMalaki sisho esasenyameni nesasemphefumulweni. Ukuthi siyini isibusiso sikaNkulunkulu kubonakala ngosindiso, intokozo, ukuthula emphefumulweni, noNkulunkulu esenzela okusilungele ngaso sonke isikhathi. Futhi, uma sibusiswe nguNkulunkulu, siphansi komthwalo wokwabelana nabanye abaswele. Sibusisiwe ukuze nathi sibusise abanye. Ngempela, ngokusebenzisa thina, uNkulunkulu uyakwazi ukwenabisela izibusiso zaKhe nakwezinye izindawo.

Funda ku 1 Petru 3:8, 9. Uthini kithina uPetru ngobudlelwane phakathi kokubusiswa nokuba yisibusiso kwabanye na?

_____

_____

Ekubuyiseni okweshumi, kuvela isibusiso esikabili. Siyabusiswa, nathi sibe yisibusiso kwabanye. Siyakwazi ukupha kulokho esikuphiwe. Izibusiso zikaNkulunkulu kithina zifinyelela ngaphakathi, nakwabanye ngaphandle. " 'Yiphani, khona nani niyakuphiwa…. Ngokuba ngesilinganiso enilinganisa ngaso, kuyakulinganiswa kanjalo nakini' " (Luka 6:38).

Funda Izenzo 20:35. Lokhu kusebenza kanjani nasekubuyiseni kokweshumi na?

_____

Isibusiso esikhulu kunazo zonke esisifundiswa okweshumi ukwethemba uNkulunkulu (Jer. 17:7). "Uhlelo olukhethekile lokubuyisa okweshumi lwasekelwa phezu kwesimiso esihlala phakade njengomthetho kaNkulunkulu. Loluhlelo lokweshumi lwaluyisibusiso kumaJuda, ukuba kwakungenjalo, uNkulunkulu wayengeke awanike lona. Ngokunjalo futhi, luyakuba yisibusiso kulabo abalwenzayo kuze kube sekupheleni komhlaba. UBaba wasezulwini akaluqambanga loluhlelo lokunikela okuhlelekile ukuze azicebise Yena, kodwa ukuze lube yisibusiso esikhulu ebantwini. Wabona ukuthi loluhlelo lokunikela iyona-nto abayidingayo abantu."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 3, amakhasi 404, 405.

Cabanga ngezikhathi lapho wawubusiswe khona uNkulunkulu esebenzisa omunye umuntu. Wena-ke ungenze njani ukwenza okufanayo kwabanye na?

Injongo Yokweshumi

UPawulu ubhalela uThimothewu uthi: " 'Ungayifaki isifonyo inkabi ebhulayo,' futhi: 'Isisebenzi siyifanele inkokhelo yaso' " (1 Thim. 5:18). Ucaphuna uMose kuDuteronomi 25:4 maqondana nenkabi, noJesu kuLuka 10:7 mayelana nesisebenzi. Umusho oqondene nenkabi kubonakala sengathi kwakuyisaga, esisho ukuthi kufanelekile ukuthi inkabi idle okusanhlamvu ngesikhathi isebenza. Ngokufanayo, isaga sesibili sisho ukuthi izisebenzi ezizinikele ezishumayela ivangeli azikhokhelwe imivuzo.

UNkulunkulu udala futhi asebenze ngezinhlelo. Wenza i-solar system, ecosystem, digestive system, nervous system, nezinye eziningi. Uhlelo lokweshumi lwalusetshenziswa abaLevi (Num. 18:26) ukunakekela itabernakeli nokuziphilisa bona. Okufana nalokho namhlanje yilabo abanikele ngezimpilo zabo ukushumayela ivangeli. Uhlelo lukaNkulunkulu lokweshumi indlela yaKhe ekhethekile yokweseka abefundisi, kanti lwalulokhu lusebenza kuwo wonke umlando wosindiso. Ukondla lezisebenzi ngokweshumi-ke kuyisisekolo somsebenzi kaNkulunkulu.

Usho ukuthini uPawulu, futhi kunamthelela muni ukuthi "iNkosi imisile ukuba abamemezela ivangeli baphile ngevangeli" (1 Kor. 9:14)? Kufundiswani ku 2 Korinte 11:7-10 ngesidingo sokweseka labo abahambisa ivangeli?

Uma uPawulu ethi: "Ngaphanga amanye amabandla, ngithatha iholo kuwo, ukuba ngikhonze nina" (2 Kor. 11:8), wayekhuluma ngokwamukela inkokhelo ebandleni elimpofu ngesikhathi eshumayela ebandleni laseKorinte elizimele kahle. Ayeqonde ukukusho ebandleni laseKorinte ukuthi labo abashumayela ivangeli bafanele ukukhokhelwa.

Okweshumi kumiselwe ukusetshenziselwa injongo ethile, futhi akube njalo. "Okweshumi kubekelwe eceleni ukwenza umsebenzi okhethekile. Akungathathwa njengesikhwama sabampofu. Akusetshenziselwe kuphela ukweseka labo abahambisa isigijimi sikaNkulunkulu emhlabeni; akungachezukiswa kulenjongo."—Ellen G. White, *Counsels on Stewardship*, ikhasi 103.

Funda kuLevitikusi 27:30. Umthetho esiwubona lapha ungasebenza kanjani kithina namhlanje?

Inqolobane

UNkulunkulu unenqolobane yomoya (Jer. 10:13), eyamanzi (IHubo 33:7), yeqhwa nesichotho (Jobe 38:22), abusa ngokuphelele phezu kwazo. Kodwa inqolobane kaNkulunkulu eyigugu kunazo zonke ileyo ephathelene nokweshumi. " 'Bhekani, ngibanikile abantwana bakwaLevi konke okweshumi kwa-Israyeli, kube yifa labo, ngomsebenzi abawusebenzayo, inkonzo yetende lokuhlangana' " (Num. 18:21). Lendimana eyokuqala eshoyo lapho okweshumi kugcinwa khona, okwaziwa namhlanje ngokuthi isimiso "sendlu yengcebo" noma inqolobane ngokwe NIV). UNkulunkulu waqhubeka wayala abakwa Israyeli ukuba balethe endaweni ekhethwe nguYe (Duter. 12:5, 6). Ngesikhathi sikaSolomoni, okweshumi kwakuyiswa ethempelini laseJerusalema. Abakwa Israyeli babazi kahle ukuthi iyini nokuthi ikuphi inqolobane ngesikhathi umprofethi uMalaki ethi kubo: " 'Ngenisani konke okweshumi endlini yengcebo' " (Malaki 3:10). Indlu yengcebo yayimele indawo lapho kwakwenzeka khona izinkonzo, lapho abaLevi babondliwa khona.

Yimaphi amanye amagama asetshenziswa eMibhalweni ukuchaza indlu yengcebo na? 1 IziKro. 26:20, 2 IziKro. 31:11-13, Neh. 10:38.

Ukuletha okweshumi okungcwele endlini kaNkulunkulu isona kuphela isibonelo esisithola eBhayibhelini. Kuyo yonke iminyaka, uNkulunkulu ubelokhu enenqolobane lapho kulethwa khona okweshumi. Ama-Seventh-day Adventist ayibandla elisemhlabeni wonke lapho umthetho wenqolobane wamukelekile nalapho usetshenziswa khona. Amalungu ayakhuthazwa ukubuyisa okweshumi kwawo ehhovisi leConference ngokusebenzisa ibandla lapho ubulungu bawo bukhona. Umnyango kasikhwama weConference kulapho abefundisi bethola khona inkokhelo yabo. "Uma umsebenzi kaNkulunkulu ulokhu ukhula, ubizo lokusiza ngeminikelo lozolokhu lufika ngokulandelana. Ukuze luphenduleke lolubizo, amaKrestu awaqaphele umyalo othi: 'Ngenisani konke okweshumi endlini yengcebo, ukuze kube nokudla endlini yaMi.' Malaki 3:10. Uma abazibiza ngamaKrestu bebengaletha ngokwethembeka kuNkulunkulu okweshumi kwabo neminikelo, indlu yaKhe yengcebo ibingachichima. Kanjalo-ke ngeke kwaba khona isidingo sokwenza izindali, imincintiswano lapho kuzuzwa khona imali, namadili okuzithokozisa ukuze kuqokelelwe imali yokweseka ivangeli."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* ikhasi 338.

Cabanga ukuthi bekungenzekani ukuba abantu bebengathumela okweshumi kwabo noma-phi lapho bethanda khona. Ukuba wonke umuntu ubengenza lokho, bekungenzekani emsebenzini kaNkulunkulu? Ngakhoke, kubaluleke ngani ukuthi sithumele okweshumi kwethu lapho kufanele khona na?

Okweshumi Nokusindiswa Ngokukholwa

Funda kumaRoma 3:19-24. Yiqiniso liphi elimqoka, elingumongo wenkolo yethu, elifundiswa lapha? Kungani kudingeke njalo ukuthi lemfundiso ihlale iyisisekelo salokho esikholelwa kukho na?

Umongo wesigijimi seBhayibheli ukuthi sonke asikufanele ukusindiswa (Rom. 3:23). Ukuba besikufanele, bekuyokuba ngokulunga kwethu, noma ngemisebenzi, kanti lowo mqondo uphambene neMibhalo.

Funda kumaRoma 4:1-5. Lezindimana zifundisani ngomusa, ngokuphikisana nokulunga kwethu na?

Kanjalo-ke, usindiso luyisipho (Efesu 2:8, 9) esiphiwe abangasifanele. Usindiso siluthola ngoba ukufaneleka komhlatshelo kaKrestu ophelele ufakwa egameni lethu. Ngokweshumi-ke, akukho kunconywa esikuthola kuNkulunkulu ngokukubuyisa. Ngoba phela, uma okweshumi kungokukaNkulunkulu kwasekuqaleni, yini enhle oyenzile ngokubuyisela kuYe okungokwaKhe? Ukubuyisa okweshumi akusona isenzo esisisindisayo, njengoba neminye imisebenzi emihle esidalelwe ukuyenza njengamaKrestu ingesisindise. “Ngokuba singumsebenzi wakhe kuKristu Jesu, sidalelwe imisebenzi emihle ayilungisela ngaphambili uNkulunkulu ukuba sihambe kuyo” (Efesu 2:10).

Noma kunjalo, ukubuyisa okweshumi kubonakalisa isimo somqondo wokuzithoba noma owokuzazisa nokubukela phansi lokho uNkulunkulu athi asikwenze. Uma simthanda uNkulunkulu, sizomlalela. Okweshumi kuyisibonakaliso sangaphandle sokuvuma kwethu ukuthi thina, nembhala, siyizinceku lapha, nokuthi sikweleta uNkulunkulu yonke into. Njengoba iSabatha liyisikhumbuzo iviki ngeviki sokuthi uNkulunkulu unguMdali noMsindisi, ukubuyisa okweshumi kungasebenza ngendlela efanayo: kusikhumbuza ukuthi asibona abethu nokuthi impilo yethu nosindiso kuyizipho ezivela kuNkulunkulu. Ngenxa yalokho, singalibona lelo qiniso, siphile impilo yokukholwa, sivume ukuthi ukubuyisa okweshumi indlela ephathekayo yokubonakalisa ukukholwa.

Uthini uLuka 21:1-4 kithina ngokuthi kusho ukuthini ukuphila ngokukholwa?

Ukujula Nomcabango: Kulula ukukhohlwa ukuthi wonke umoya esiwuhogelayo, konke ukushaya kwenhliziyo, wonke umzuzu wokuphila kwethu, uvela kuNkulunkulu kuphela. Encwadini yeZenzo 17 uPawulu ukhuluma nabase Athene ngoNkulunkulu weqiniso, ongagcini ngokuba uMdali (uNkulunkulu owadala umhlaba nakho konke okukuwo [Izenzo 17:24] kodwa futhi unguMboneleli (Ngokuba siphila ngaYe, sihamba ngaYe, siyikho konke ngaYe [Izenzo 17:28]. Abase Athene babengazi ngoNkulunkulu weqiniso. Thina maKrestu siyazi, futhi lolo lwazi kumelwe lube phambili endleleni esiphila ngayo. Ziningi izimfuno zikaNkulunkulu kithina, ngakhoke sidinga ukuphila ngokuhambisana nalezo zibizo: "Kunjalo ngezimfuno zikaNkulunkulu kithina. Ubeka ingcebo yaKhe ezandleni zabantu, kodwa ufuna ukuthi okweshumi kubekelwe umsebenzi waKhe eceleni ngokwethembeka. Ufuna ukuba lengxenye ifakwe esikhwameni saKhe. Ayibuyiswe kwazeke ukuthi eyaKhe; ingcwele, futhi ayisetshenziselwe umsebenzi ongcwele, ukweseka labo abahambisa isigijimi sosindiso kuzo zonke izindawo zomhlaba. Uzigodlele yona lengxenye, ukuze imali ihlale igelezela endlini yaKhe yengcebo, nokuthi ukukhanya kweqiniso kuyiswe kwabaseduze nakwabakude. Ngokulalela ngokwethembeka lomyalo, sivuma ukuthi konke okukaNkulunkulu."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 6, ikhasi 386.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. "Isikhathi sihamba ngokushesha ukuya ekupheleni kwezwe. Asingagodleli uNkulunkulu lokho okungokwaKhe. Asingamncishi, yize singesindiswe ngokukukhipha, kodwa ngeke kungabi nomonakalo uma sikugodla. Ubiza inhliziyo ephelele kithina; mnike; eyaKhe, ngoba wayidala, wabuye wayihlenga. Ubiza ubuchopho bakho; mnike bona; obakhe. Ubiza imali yakho; mnike yona; eyaKhe."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, ikhasi 566. Usho ukuthini uEllen G. White uma ethi: "Asingagodleli uNkulunkulu okungokwaKhe na…yize kungeke kunikelwe ngaphandle kokunconywa, ngeke kungabi nomonakalo uma kugodlwa"?

2. Ake ugxile kulomqondo wamalungu ebandla ezenzela umathanda ngokweshumi; ekuthumela noma kuyiphi inhlangano ababona ukuthi ifanelekile, ngokuphikisana ne "nqolobane." Kungani lokho kuwumqondo ongalungile? Kungenzekani ebandleni lethu? Kungani ukwenze njalo kungabangela ukuhlakazeka okubi phakathi kwethu na?

3. KuLuka 21, uJesu wancoma umfelokazi ngokunikela ngemali yakhe ethempelini yize kwakunenkohlakalo eqhubekayo lapho. Kufanele kuthini lokho kulabo ababona ukuthi bangakukhipha noma kuphi okweshumi kwabo ngoba bayayingabaza indlela okusetshenziswa ngayo?